Ubaba kaMbali ungumlingisi kumabonakude.

Uyahamba aye kude nasekhaya.





Ubaba uhamba angabi khona ekhaya
amalanga amaningi.

UMbali ukhumbula ubaba wakhe uma engekho ekhaya.

Wonke amalanga uMbali ubuza umama, "Uzobuya nini ubaba?"





Ubaba naye ukhumbula uMbali kakhulu.

“Ngifisa ukubona uMbali,” uyacabanga.

UMbali udabukile.

“Ngikhumbula ubaba kakhulu,” uyacabanga.





Ubaba ukhuluma noMbali ngocingo wonke amalanga.

“Ngizobuya ekhaya emalangeni azayo,” kusho ubaba.

Ubaba ufika ekhaya!

UMbali uyagijima uyamanga.

"Bengikukhumbula kakhulu, baba," kusho uMbali.

"Nami bengikukhumbulile, ngelosi yami," kusho ubaba.

